

PHILI MJOLI

**O**WESIFAZANE onepulazi lamawolintshi, ulamula namagrebhisi uthi ayikho into eyamphatha kabi njengokuhluleka ukukhokhela abasebenzi ngesikhathi evula ibhizinisi lakhe.

UNkk Smangele Gumede ongumnikazi wepulazi elingu-220 hectares, iNtathakusa, eliseRichards Bay, uwine umncitiswano emunxeni wabalimi besifazane abakhiqizela ukuhweba, ngesonto eledlule.

NgeSonto uzobe eqhathwe nabesifazane bakwezinye izifundazwe kwiNational Female Farmer of the Year.

UNkk Gumede, owathola ipulazi ngaphansi kohlelo lukahulumeni lokunikezwa kwababenchwe amathuba umhlaba, iProactive Acquisition Strategy, ngo-2007.

Uthe uhambo lwakhe olubheke empumelelweni beluwumqansa kodwa akazange aliphonse ithawula. Ubunzima ahlangebezane nabo uthe bebumfundisa ukuthi kumele azizazulule kanjani izinkinga.

“Uyacabanga ukuthi abasebenzi bazokwethemba kanjani uma wehluleka ukubakhokhela ngenyanga yokuqala ungenile.

“Ngahlala phansi nabo ngabachazela ukuthi lokhu kudalwe wukuthi ngingene epulazini ingxenye yomkhiqizo isuvuniwe.

“Umkhiqizo engawuvuna wakhipha imali engenele yokuthi ngikhokhele zonke izindleko zepulazi zenyanga,” kusho yena.

Uthe waqhubeka kunzima waze waphetha ngokuthi abasebenzi abehlukanise izigaba ezimbili, basebenze amasonto amabili ngenyanga ukuze wonke umuntu abe nemali ayiholayo.

“Ngaqhubeka kunzima ngo-2011 ngathola imali ekhishwa wumnyango wezomhlaba yokuthuthukisa abalimi abasuke bethole amapulazi ngezinhlelo zikahulumeni, iRecapitalisation.

“Ngeshwa ngathola u-25% wemali okwakumele ngiyithole, angikwazanga ukuthenga zonke izinto zokuthuthukisa umkhiqizo

# Waphatheka kabi ehluleka ukuholela abasebenzi



ezazizokwenza isimo sibe ngcono.”

Epulazini lakhe utshale nomoba athi uwudayisela abakwa-Hulett. imikhiqizo yamawolintshi uthe uyidayisela inkampani yasePort Elizabeth nenye yaseKapa

**UNKK Smangele Gumede ozobe eqhathwe nabanye abalimi besifazane emncitiswaneni iNationa Female Farmer of the year ezobe ingeSonto**

Isithombe : SITHUNYELWE



**UNKK Smangele Gumede ophakathi ehalaliselwa uNkk Makhosi Xhakaza noNgqongqoshe wezoLimo KwaZulu-Natal ngokuwina emkhakheni wokukhiqizela ukudayisa**

Isithombe: Doctor Ngcobo

wayevele engafuni ukuthola ipulazi elitshala izinto ezijwayelekile.

“Ekhaya ngikhule kutshalwa ummbila nezinye izinto ezijwayelekile, emzini ngafika kutshalwa umoba.

“Ngangifisa ukuthi ngingene emkhakheni engingawazi nebala kwaba njalo.”

Uqhube wathi izihlahla zomkhiqizo wakhe zikhizwa iminyaka emithathu kuya kwemine kodwa umanyolo ofakwa ezihlahleni yiwona obizayo.

Imali ayiwine emncitiswaneni uzothenga ngayo imoto yokusebenza ngoba ubengenayo.